



## UHLELO LOKUBHALISELA UKUGOMA LWE-INTHANETHI (I-EVDS) IMIBUZO NEZIMPENDULO

- 1. Kumele ngenzenjani uma senginesikhathi ngibhalisile ku-EVDS kodwa angikawutholi umyalezo ongitsihela ngendawo nesikhathi okumele ngiyogoma ngaso?**

Uma usubhalisile, ithuba lakho lizofika nakanjani. Sinayo imininingwane yakho futhi uma sikhona isikhala esikhungweni sokugoma sangakini uzothola i-SMS. Siyacela ukuthi ubekezele; akekho esizomshiya ngaphandle emkhankasweni wethu kazwelonke wokugoma.

- 2. Ngilinda isikhathi esingakanani ukuze ngithole umyalezo ngesikhathi nendawo yokugoma?**

Ukuthi kuzoshesha kangakanani ukuthola i-SMS kuzoya ngokuthi zingaki izikhungo zokugoma ezikhona endaweni yangakini. Njengoba izikhungo eziningi zokugoma zivulwa masonto onke, izikhala eziningi zizovuleka bese uyatshelwa ngesikhathi nosuku okumele uze ngalo.

- 3. Ngabhalisa ku-EVDS kodwa angikaze ngithole umyalezo?**

Emva kokubhalisa ku-EVDS kufanele uthole i-SMS eqinisekisa ukuthi usubhalisile futhi usemgqeni wokunikwa isikhathi nendawo yokugoma. Uma ungakaze uyithole le-SMS, sicela uphinde ubuyele ku-[vaccine.enrol.health.gov.za](http://vaccine.enrol.health.gov.za) ukuyiqinisekisa ukuthi isicelo sakho sahamba ngempela yini ngokufaka inombolo kamazisi wakho.

- 4. Ngabhalisa kuqala kunabanye kodwa angikalutholi usuku nendawo yokugoma.**

I-EVDS isebenza ngokufanayo kuwo wonke umuntu kuyona yomibili imikhakha ozimele nokahulumeni. Ukubekisa isikhala kuya ngokuthi zingaki izikhungo zokugoma endaweni yangakini. Futhi kuya nangesikhathi owasikhetha esifana nasekuseni noma ntambama phakathi nesonto noma ngempelasonto. Abasebenzi bethu Bezempilo bayaqhubeka nokugonywa nokubekwa eqhulwini ukuqinisekisa ukuthi bathola ukwesekwa ekulweni ne-COVID-19. Isibonelo, uma uhlala endaweni lapho kunezikhungo eziningi zokugoma, uzosheshe uthole i-SMS kunaloyo ohlala endaweni lapho kunezikhungo ezimbalwa okwamanje.

- 5. Sengibhalisile kwisikimu sami sezokwelashwa; kungabe kufanele ukuthi**

## **ngibhalise ku-EVDS?**

Ezinye izikimu zokulashwa zizokucela ukuthi ubhalise ohlelweli lwazo ukuze zizokuthumelela imininingwane mayelana nokugonywa. Noma kunjalo, kusafanele ukuthi ubhalise ku-EVDS. Iyona kuphela indlela yokuthola isikhala, noma ngabe ugomela esikhungweni esizimele noma sikahulumeni, noma unomshwalense wezokulashwa.

### **6. Ngingaphansi komshwalense wezokulashwa; ingabe kufanele ngilandele inqubo efanayo nomkhakha kahulumeni?**

Umshwalense wakho wokwelashwa kumele ulandele imithetho yokukhishwa komgomo kuzwelonke njengoba ibekwe uMnyango Wezempilo. Imishwalense Yezokwelashwa ivumeleke kuphela ukugoma iqembu labaneminyaka ethile yobudala njengoba kwamemezela uMnyango Wezempilo. I-EVDS izokubuza ukuthi unawo yini umshwalense wokwelashwa. Uma unawo, kuzodingeka ukuthi ufake igama lomshwalense lowo kanye nenombolo yobulungu. Lolu hlelo lokubhalisa luzobe seluthumela amalungu omshwalense wokwelashwa ezikhungweni ezizimele (uma zikhona endaweni yangakini) kodwa kungenzeka bathunyelwe esikhungweni sikahulumeni.

### **7. Ngilishintshile ikheli lami, ulwenza kanjani ushintsho ku-EVDS?**

Buyela ku-EVDS bese ufaka imininingwane yakho emisha. ANGEKE kuphindeke imininingwane uma nje usebenzise inombolo kamazisi efanayo. Lolu hlelo luzosebenzisa inombolo yakho kamazisi ukubuyekeza noma iyiphi imininingwane yakho eshintshile. I-EVDS yenziwe ukuthi ikwazi ukubhekana nezingqinamba kanye nokubuyekeza kwemininingwane yakho.

### **8. Ngingaya na kwesinye isikhungo sokugoma ngaphandle kwalesi engiyalelwe kusona?**

Sigqugquzela bonke labo asebethole imiyalezo yezikhala zokugoma ukuthi baye kulezo zikhungo abayalelwe zona. Lokho kuqinisekisa ukuthi uzogonywa ngesikhathi obekelwe sona njengoba umgomo usuke usubekelwe wena.

Njengoba sike saba nezinkinga nabantu abavele bafike nje evikini lokuqala lohlelo lokugoma, iminyango iyacelwa ukuthi IYEKE ukwenza lokhu. Ukukhishwa komgomo kuhlelwe ngokucophelela. Sikhipha imigomo ngokwenani elidingekayo ukuze sizoqinisekisa ukuthi kunemithamo yemigomo eyanele nsuku zonke.

Ukuvakashela isikhungo oyalelwe kusona kuvumela thina ukuthi siqhube umkhankaso wethu wokugoma ngokuhleleka. Lokhu kuvimbela ukuthi abantu babe “yizinkumbi” esikhungweni esisodwa, lokho okuzohlela engcupheni yokubhebhethekisa kakhulu igciwane.

### **9. Kungabe i-EVDS inquma kanjani ukuthi isiphi isikhungo sokugoma okumele uthunyelwe kusona?**

Uhlelo lwe-EVDS luzozenzela lona ukuthi lukulayele isikhungo esiseduzane nekheli lasekhaya noma lasemsebenzini leli olifakile. Emadolobheni, luzokulayela isikhungo esilibanga elingamakhilomitha alishumi ukusuka ekhelini lelo bese kuthi emakhaya kube isikhungo esisebangeni elingamakhilomitha angama-30 ukusuka lapho uhlala noma usebenza khona. Isikhathi osikhethayo ukuthi uzogoma ngaso uma usubhalisile esifana nokuthi kuzoba sekuseni noma ntambama phakathi neviki noma ngempelasonto sinomthelela ekubeni khona kanye nokubekisa isikhala sakho.

#### **10. Uma ngingavele ngiziyele esikhungweni sokugoma?**

Siyanxusa kubo bonke abantu ukuthi BANGALOKOTHI baziyele esikhungweni. Ukuziyela esikhungweni sokugoma akuchazi ukuthi uzogonywa ngokushesha. Izikhungo zokugoma zingasiza ukubhalisa abantu abaneminyaka engama-60 nangaphezulu kuHlelo Lokubhalisela Ukugoma nge-Inthanethi (i-EVDS). Ukubhalisa nge-inthanethi kuqala nokubekisa isikhala kuyindlela enhle kakhulu ukuqinisekisa ukuthi uyawuthola umgomo wakho.

#### **11. Kwenzakalani uma udlulwe isikhathi sakho sokugoma?**

I-EVDS izozibekela yona esinye isikhathi sesikhala esilandelayo bese ikuthumela i-SMS enosuku. Uzonikezwa amathuba amathathu – ukubekisa kokuqala kanye namanye amathuba AMABILI angeziwe. Uma uhlulekile ukuya kuzo zonke lezi zikhathi ezibekisiwe, kuzomele ushaye inombolo yosizo lwe-COVID-19 ku-0800 029 999 bese ucela ukuthi baphinde bakubhalise. Imininingwane yakho yokubhalisa ihlala ikhona kulolu hlelo kodwa angeke ikwazi ukuthi uthathe umhlabakhefu emsebenzini, noma usazikhiphile, uyagula noma usushonile, ngakho-ke lulinda wena ukuthi uxhumane nalo.

#### **12. Kumele ngenzenjani uma ngingenawo umazisi?**

UMnyango Wezempilo usebenza ngohlelo oluzovumela abantu abangenabo omazisi ukuthi bagome. Imininingwane yalolu hlelo izomenyezela uma sekufike isikhathi. Kuhlelwe ukuthi lukwazi ukubhekelela bonke abokufika abangenawo amaphepha kanjalo nabantu abangenabo omazisi.

#### **13. Ngibhalisa kanjani uma ngingenayo i-inthanethi?**

Labo abangenayo i-inthanethi noma umakhalekhukhwini wesimanjemanje bangabhalisa nge-SMS ngokucofa u- \*134\*382\*inombolo kamazisi bese ugcina ngo #, uma ungenayo inombolo kamazisi, cofa u- \*134\*832#. Ukubhalisa kungenziwa futhi ngenombolo ye-WhatsApp ye-COVID-19 ngokuthumela igama elithi “REGISTER” ku-0600123456. Ukubhalisa nge-SMS nange-WhatsApp kumahlala; asikho isidingo sokuthi ube nedatha noma i-airtime ukuze usizakale.

Uma ungeke ukwazi ukusebenzisa enye yalezi zindlela, ungaya esikhungweni sezempilo bese ucela umsebenzi wezempilo akusize. Abaholi abaningi bomphakathi (abezenkolo, abepolitiki, abomdabu kanye namabhizinisi) nabo banikele ngokusiza

abantu ukuthi babhalise ku-inthanethi. Cela umakhelwane noma umuntu osemusha onekhono kanye nezinsiza zokubhalisa.

**14. Abantu abaneminyaka engaphansi kweminyaka engama-60 bangabhalisa na ku-EVDS?**

I-EVDS izozibalela yona iminyaka yobudala yakho ngenombolo kamazisi bese ikutshela ukuthi usesemncane kakhulu ukuthi ungagoma okwamanje. Ukukhishwa komgomo kulandela iminyaka yobudala, kunezifo ezingamahlalakhona ukuthola ukuthi uzogoma nini. UNgqongqoshe Wezempilo uzomemezela ukuthi elinye iqoqo leminyaka yobudala lizovulelwa nini ukubhalisa.

Ucwaningo lubonise ukuthi iminyaka yobudala iyona etshengisa ngokusobala ukudlula izifo ezingamahlalakhona ukuthi ingabe uzophelela esibhedlela noma uzoshona ngenxa ye-COVID-19. Izifo eziningi ezingamahlalakhona zijwayelekile kakhulu kubantu abadala.

**15. Kumele ngenzenjani ukuze ngizobhalisa ku-EVDS?**

Ukuze ubhalise ku-EVDS kufanele ube nenombolo kamazisi noma yephasiphothi kanye nekhadi lomshwalense wezokwelashwa (uma unawo). Okokuqala uzobe sewugcwalisa ifomu lokubhalisa ngale mininingwane elandelayo: Igama nesibongo, Usuku lokuzalwa, Ubulili, i-imeyili, inombolo kamakhalekhukhwini kanye nendawo osebenza noma ohlala kuyo.

Uzothola i-SMS eqinisekisa ukuthi usubhalisile futhi usemgqeni wokunikezwa isikhungo nesikhathi sokugoma. Uma sekuyithuba lakho lokuthi ugome, uhlelo luzothumela i-SMS enosuku kanye nendawo lapho uzogonyelwa khona. Uma ungenawo umakhalekhukhwini noma i-imeyili, ungaya esikhungweni sezempilo ucele abasebenzi ukuthi bakusize.

**16. Kwenzakalani ngemininingwane yami engiyifake ku-EVDS?**

Imininingwane efakwe ngesikhathi ubhalisa isiza ekulungiseleleni, njengoba imininingwane ekulolu hlelo ivumela uhulumeni ukuthi abe imigomo eya ezikhungweni zokugoma. Ngalolu hlelo uhulumeni uyakwazi ukuqinisekisa ukuthi imigomo eyanele ikhona ngalolo suku lokugoma. Imininingwane iphinde isetshenziselwe ukuxhumana nawe mayelana nohlelo lokugoma uma kunesidingo. Yonke imininingwane ye-EVDS igcinwe ngokuphephile futhi lolu hlelo lulandela yonke imithetho okumele ilandelwe.